

Kudala, ezintabeni zaseMbhokota, kwakuhlala intombazanyana igama layo linguTsakani.

UTsakani wayengenabo abangani, ngakhoke wayehlala njalo enesizungu.

Wayefuna umuntu azodlala naye babumbe amathoyizi obumba, amabhodwe, izinkomishi nezinkomo. Akazange athole muntu ayezodlala naye.



UGogo wakubuka lokhu wacabanga, “UTsakani udlala ngamatshe zonke izinsuku. Akukuhle lokhu. Ngizokwenza icebo.”

UGogo wayekwazi ukubaza ukhuni. Wayekwazi ukwenza izinto ezibaziweyo ezifana nezindlovu ezinkulu kanye nezithombe ezibaziwe zabantu abaziwayo.

Wayekwazi ukubaza noma yini ayicabangayo.



Ngesikhathi uTsakani exakekile edlala ngamatshe, uGogo wayebaza unodoli wokhuni.

Lo nodoli wokhuni wawukwazi ukuhlala nokuhamba, kodwa uma useduze kukaTsakani.

"Gogo, uhamba phambili," kusho uTsakani ngokwenama ngesikhathi ebona unodoli.



Ngesikhathi esehamba uGogo washiyela uTsakani unodoli wokhuni.

UTsakani wajabula kakhulu ukudlala ngalo nodoli. Akuphelanga sikhathi esingakanani, wayesebhocobele futhi uTsakani.

Unodoli wawukwazi ukuhlala nokuhamba kuphela, kodwa ungakwazi ukukhuluma. Akekho umuntu ayezokhuluma naye.



Kwadingeka ukuthi uGogo abaze omunye unodoli owawuzokwazi ukuhamba, ukuhlala nokukhuluma.

Wajabula kakhulu uTsakani. Waze wadansa umdanso wokunqoba. Wathi, “Gogo uhamba phambili, ngiyajabula kakhulu.”

Badlala ndawonye laze lashona ilanga.



Lo nodoli wokhuni wawungakwazi ukudansa, kanti uTsakani wayezithandela ukudansa.

Wayethanda ukudansa umdanso wokujabula, umdanso wokunqoba ne *xibelani*.

Wayefuna ukuzibona eshwibeka aye ngapha nangapha nomngani wakhe wokhuni, hhayi yedwa. Wayengekho umuntu ayezodansa naye.



UGogo wayekwazi ukwakha noma yini ngobumba noma ngokhuni.

Wabaza umunye unodoli omuhle ngokhuni. Wawugqokisa ubuhlanu namabhangela, kanti futhi wawugqoke *ixibelani.*

Lo nodoli wawumuhle ugqoke izinto ezinemibala emihle. Wawukwazi ukuhamba, ukuhlala, ukukhuluma nokudansa.



UTsakani wayehlala nalo nodoli balalele amaculo futhi badanse bobabili.

Kusukela ngalelo langa uma uTsakani engekho esikoleni, wayedlala ngonodoli bokhuni ababazwe uGogo.

UTsakani akaphindanga abe nesizungu.



Kwathi angabona uGogo ukuthi uTsakani ujabule kanjani, waqala wenzela zonke izingane zendawo onodoli.

Wabaza nemifanekiso eminingi yokuhlobisa.

Umhlaba wonke wawubona umsebenzi omuhle wezandla zikaGogo.